# Isaziso Sabezindaba

**Tshwane, 5 kuMfumfu 2021 –** uPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) ngokusebenzisa umnyango walo Olawula Impahla Emngceleni, luzoshabalalisa umthwalo ongemthetho wamakhathoni ayi-1032 kagwayi wenani lika-R20-million owashaqwa ethekwini eliseDurban.

Izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni zihlole umthwalo lo zathola ukuthi ugwayi awuthobeli imigomo eyizidingo ngokomthetho ezifana nokufakwa kwesigxivizo esiyidayimane saseNingizimu Afrika kwezipakishwe kukho kanye nokuthi izexwayiso zezempilo bezingabhaliwe ngesiNgisi. Kuphinde kwatholakala nokuthi iminininingwane yomninimpahla oyingenise kuleli iyimininingwane eqanjiwe.

Lokhu kushatshalaliswa kukagwayi kuzokwenziwa ngoLwesine mhla zi-7 kuMfumfu ngehora leshumi ekuseni endlini egcina izimpahla zombuso e-Durban Customs State Warehouse, Customs House, 1 Bay Terrace, Esplanade.

Abezindaba abazinze eThekwini abafisa ukuthamela lokhu kushatshalaliswa kumele bathumele imiyalezo ye-RSVP ku SarsMedia@sars.gov.za